# ABAKWA-SARS BAGUBHA 22 WEMINYAKA

**PRETORIA, ngoLwesibili mhla lu-1 kuMfumfu 2019 –** Ngenyanga kaMfumfu kowezi-2019, uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika luzogubha iminyaka engama-22**.**

Kulo mgubho wale minyaka sifuna ukuphinda sigcizelele ukuzinikela kwethu ekuhlinzekeni abakhokhintela ngosizo olusezingeni eliphakeme nokuziphatha ngendlela efanele ezweni lonke nangaphandle.

Ukuqokwa kukaKhomishana u-Edward Kieswetter kuze nesiqalo esisha kwa-SARS. Selokhu afika ngenyanga kaNhlaba wezi-2019, ulokhu egxile entweni eyodwa okungukubhekana nezinkinga ezithikameza ukuzethemba nemiphefumulo yezisebenzi, kanjalo nokubuyisa ithemba nokuthenjwa umphakathi.

Lokhu kuhambisana nenqubo yokubhekana nokungasebenzi kahle kwesikhungo kanjalo nokuntuleka kwamakhono ngaphakathi kwa-SARS, okuyinto ebalulekile uma lesi sikhungo sizokwakhiwa kabusha.

Lo msebenzi uzodinga ukuzimisela okukhulu eminyakeni embalwa ezayo ukuze kuqinisekiswe ukuthi u-SARS uyaguquka ube isikhungo esisingatha izimali ezingenayo ngobuhlakani nobuhambisana nesikhathi samanje, okunesithunzi esethenjwayo futhi esihlonishwayo.

Sibusisekile ngezinkulungwane zabantu besilisa nabesifazane abanegalelo elibonakalayo kule nqubo yokwakha kabusha.

Abakwa-SARS bazoqhubeka nokufaka izinhlelo ezisebenzayo ukuze baqhubeke nokuthuthukisa usizo abalunika abakhokhintela, ngokusingatha umyalelo wokuqoqa intela, ukuxhumanisa uhwebo nokusingatha ukungena nokuphuma kwempahla emingceleni yethu.

Imigubho yale minyaka izokwenzeka kanye nesikhathi sentela okubonakala kunokwenyuka kwesibalo sabakhokhintela abathobelayo.

Sithanda ukubonga abakhokhintela ngokuthobela kwabo kanjalo nokubekezela kwabo uma kwenzeka singakwazi ukubahlinzeka ngosizo olusezingeni esizibekele lona.

Njengendlela yokwakha kabusha nokwenza u-SARS uhambisane nesikhathi samanje, sizosebenza ngokuzikhandla ukubhekana nokungasebenzi kahle okuba khona.

Isimo samanje sezomnotho sihambisana nezinguquko zethu zangaphakathi kwenza ukuqoqa imali engenayo kube nzima.

Ukukhula kancane komnotho, ukunyuka kokungasebenzi ngenxa yokudilizwa emsebenzini, kanjalo nokucindezeleka kwamazinga okusebenza kwezinto, akungabazeki ukuthi kudala ukungena kwenzuzo encane, ngalokho bese kubonakala ukwehla kwemali engenayo.

Kodwa sisenalo ithemba lokuthi imizamo eyenziwa uhulumeni yokushukumisa umnotho nomsebenzi wokwakha kabusha ukuthobela intela kuzoba nemiphumela emihle.

Ngenxa yalokhu, uMnu. Kieswetter uqinisekile ukuthi u-SARS usalokhu uqinile, unombono futhi unomqondo munye wokuphishekela ngomyalelo wokuqoqwa kwemali engenayo eNingizimu Afrika.

Empeleni, abakwa-SARS bayawuqonda ngokugcwele umthwalo osemahlombe awo ngokomthethosisekelo, futhi bayazi ngomthelela obangelwa ukwehla kwemali engenayo eqoqiwe ekutheni uhulumeni enze umsebenzi wakhe.

Siyazi ukuthi senza umsebenzi omkhulu olekelela uhulumeni ngezinsiza zezimali ukuze ahlinzeke impahla nosizo ukuze isebenze kahle intando yeningi. Umsebenzi wethu unobuso bomuntu, futhi usiza kakhulu umphakathi odinga ukunakekelwa kakhulu ukwenza ngcono izingampilo labo kanjalo nokuqinisekisa inhlalakahle yabo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Imigubho ka-2019 kazwelonke iwukuhlonipha imizamo eyenziwe nguhulumeni, nePhalamende ngokubambisana nobuholi bakwa-SARS nezisebenzi zakhona ekwakheni isikhungo sukuqoqwa kwemali esizohlonipheka kubalingani baso njengesihamba phambili emhlabeni.

Imigubho yeminyaka engama-22 iphinde ihloniphe indima edlalwe yibo bonke abanentshisekelo nababeyizisebenzi ngokusungula nokuqinisa u-SARS ube ngesinye sezikhungo zombuso ezinamandla futhi ezisebenzayo ezweni.